U-PILLAY UVAKASHELE UMPHAKATHI WASE MLAZA

NOKWANDA MAKHANYA

UMnu. Muziwenyanga Dladla oyikhansela likaWadi -82 kanye noNgqongqoshe Wezokuhlaliswa Kwabantu Nemisebenzi Yomphakathi u-Ravi Pillay.
***Isithombe:* GUGU MTSHALI**

UNgqogqoshe u-Ravi Pillay ubevakashele iZandile Junior Primary School kanye nendawo endala yokubhaka i-Umlazi Bakery esesigcemeni sakwa-W eMlaza nokuyingengxenye yohlelo lwe-Operation Sukuma Sakhe ngoLwesithathu mhla ziyi-12 kuNtulikazi ngonyaka wezi-2017.

Wafika wathola ukuthi lesi sikole selekelela umtholampilo osesigcemeni sakwa-N ngokuhlalisa iziguli njengoba lo mtholampilo ungakwazi ukuthatha umthamo omningi weziguli ezidinga ukwelashwa. UMnu. Pillay wahalalisela lo mtholampilo kanye nabasebenzi bawo ngomsebenzi omuhle abawenzayo wathi "Ngizomazisa uNgqongqoshe u-Dlomo ngomsebenzi omuhle eniwenzayo". Ngenxa yokwentuleka kwezindawo zokuhlala kuleya ndawo, umphakathi ususebenzisa indawo yokubhaka njengendawo yokuhlala yesikhashana. Obekuyelwe nguNgqongqoshe bekungukuthi abheke kakhulu usizo olunganikezwa umphakathi nokubheka uguquko oselwenziwe kusukela kwaqaliswa uhlelo olubizwa nge-Operation Sukuma Sakhe (OSS). Inhlosongongqangi yohlelo lwe-Operation Sukuma Sakhe ukuhlonza izingqinamba ezimaqondana nokulethwa kwezidingo emphakathini bese kuqhanyukwa nesisombululo.

I-Umlazi bakery isiyisikhungo esenza imisebenzi eyehlukene njengoba isihlinzeka ngezindawo zokuhlala. Lesi yisikhungo sezemidlalo nokungcebeleka lapho amalungu omphakathi adlalela khona ikarati. Umphakathi uphinde ubambele kuso imingcwabo.

Ibalelwa eshumini nesithupha imindeni ehlala kule ndawo yokubhaka. Lesi sikhungo asikulungele ukuhlala abantu njengoba neminyango yakhona ingakhiyeki futhi namafasitela afile.

Lokhu kwenza ukuthi umphakathi uhlalele ovalweni njengoba sekuke kwabikwa izigameko zokudlwengulwa kanye nokuhlukunyezwa kwabantu.

Ngokuqhubeka kohlelo, uNgqongqoshe uphinde wadlulela enkundleni yezemidlalo iMenzi Sports Ground esesigcemeni sakwa- N (esikhona eMlazi).

Kwaba ingaleso sikhathi-ke lapho uNgqongqoshe walalela khona izinkinga umphakathi obhekene nazo. Ezinye zazo kwaba inselelo ebhekene nentsha yokungawutholi umsebenzi, izicelo zabadala zokuthola izihlalo ezinamasondo zokuhamba (wheelchairs), ukusetshenziswa kwezidakamizwa okwenza kungabikhona ukuthula kanye nodaba lwentsha ehlukumeza abantu abadala.

Umphakathi waphinde waveza udaba lokuwa kwezindlu zomxhaso ezakhiwe esikhathini esedlule. Esephendula umphakathi mayelana nezindlu eziwayo uNgqongqoshe waveza ukuthi kusazophenywa ngalolu daba.

UMnu. Pillay wathi uyazizwa izikhalo zomphakathi kodwa wabe esewunxusa futhi umphakathi ukuba nawo ubambe iqhaza ekuletheni inguquko ewadini.

Ngokuphela kosuku, singasho ngokungananazi ukuthi ukuxhumana nomphakathi ngohlelo lwe-Operation Sukuma Sakhe (OSS) sekube nesasasa ezinhlelweni zokuhlumelelisa imiphakathi kulesi sifundazwe.

Uhlelo lwe-OSS iyona ndlela enhle kakhulu yokwazisa umphathi ngezindlela zokusebenzisana kanye nokusizana. Izinhlelo ezihlinzekwayo yiyona ndlela ehlabahlosile esetshenziswa yisifundazwe ukuletha uguquko kwezenhlalo-mnotho. Sonke MASISUKUME SAKHE!